ISAZISO SOMPHAKATHI

ISAZISO SOMPHAKATHI IZICELO ZOKWETHEKELA IZIMALI EMIGWAQWENI: 2007

UMasipala waseThekwini usuyalele ukuba imvume yokwethekela izimali emigwaqweni esendaweni engaphansi kwawo inikwe kuphela izinhlangano ezibhalisiwe zezenhlalakahle kanjengoba zichazwe ngumthetho kazwelonke wezenhlalakahle, uNational Welfare Act No. 100 ka 1978, noma lezo zinhlangano zesihle ezikhululwe yizimiso zalo mthetho ekwenzeni lokhu, ezingewona amalunga e-Ubuntu Community Chest. Noma iyiphi inhlangano eyanelisa izidingo ezifanele ngokwale miyalelo engenhla futhi efisa ukufaka isicelo sokwethekela izimali emigwaqweni onyakeni ka 2007 kumele ithumele isicelo sayo, esiphelezelwa wubufakazi bokuthi ibhalisile ngaphansi kwe Non-Profit Organisations Act, ikhophi yoMthethosisekelo wayo kanye nezitatimende zayo zezimali ezintsha, ku-Head: Regional Centres, PO Box 49, Pinetown, 3600, engakadluli uLwesine, womhla ka 31 Agasti 2006. Esicelweni ngasinye kumele kushiwo ukuthi leyo nhlangano ifisa ukwethekela ngoLwesithathu noma ngoMgqibelo yini. Kepha-ke kumele kucaciswe ukuthi yize noma izokwenziwa yonke imizamo yokwabela abafake izicelo lolo suku abalucelile, kasikho isiqiniseko sokuthi nempela bayoluthola lolo suku njengoba isicelo esabelwa kuqala kuyileso esifike kuqala.

Dkt.M.O. Sutcliffe
IMenenja yeDolobha

ISAZISO SOMPHAKATHI

ISIMEMO SEZIPHAKAMISO I-CONSULTANT EZOBUYEKEZA INQUBOMGOMO YOMKHAKHA WABAHWEBI ABASAFUFUSA

UMasipala waseThekwini ufisa ukubuyekeza inqubomgomo yakhe emayelana nomkhakha wabahwebi abafasufusa eyaqala ukusebenza ngoFebruary 2001. Kumenywa abanentshisekelo ukuba bafake izicelo zokwenza lo msebenzi ngokuxoxisana nabo bonke abafanele ababambe iqhaza.
Iziphakamiso kufanele zibe nale minininingwane:
1. Indlela yokwenza ucwaningo
2. Isipiliyoni nerekhodi le-consultant kwamanye amaphrojekthi
3. Ipulani yephrojekthi, isikhathi sokuqala nokuphethwa kwayo nebhajethi yayo
4. Imininingwane ye-consultant
Iziphakamiso ezifakwe ezimvilophini zavalwa zabhalwa ngaphandle ngokucacile ukuthi "Call for Proposals: Review of Informal Economy Policy" zabhekiswa ku- Mrs Anneline Chetty, Project Manager, Business Support Unit, kufanele zilethwe ngesandla e8th floor, Shell House, eThekwini, engakadluli u12:00 mhla ka 4 August 2006. Imininingwane ephelele itholakala phakathi kuka 08:00 no 16:00, kusuka ngoMsombuluko kuya kuLwesihlanu kuleli kheli elingenhla.
Izicelo eziyofika emva kwesikhathi ngeke zamukelwe.

ISAZISO SOMPHAKATHI

USHAKA MARINE WORLD ISIMEMO SAMATHENDA

UShaka Management (Pty) Ltd umema amathenda okumthengisela nokumlungisela imishini ye-CCTV (kanjengoba kuchaziwe emibhalweni yethenda). Labo amathenda abo aphumelele bazofakwa kwi-website yethu ohlwini lwamabhizinisi esithenga kuwona. Sihlose ukuba sinike amathuba bonke abenza lo msebenzi nokufukula amabhizinisi abamnyama ngokwenqubo-mgomo yethu emayelana nalokhu. Imibhalo efanele ngalo msebenzi namafomu agcwaliswayo kutholakala emahhovisi ethu akwanombolo 1 King Shaka Avenue, eThekwini, e-The Avis Kiosk, kusukela mhla ka 24 Julayi 2006, ngo 9:00 kuya ku 16:00. Le mibhalo ayitholakali ngamaholide nangezimpelasonto. Imibhalo yamathenda ikhokhelwa idiphozi engabuyi engu R30 (Amasheke kumele abhalwe ukuthi akhokhela i-Durban Marine Theme Park). Abafisa ukufaka amathenda kufanele bathamele umhlangano kule ndawo ngoLwesine, mhla ka 27 July 2006, ngo 9:00. Amathenda athunyelwe nge telegram, telex, e-mail noma nge-fax, nafike emva kwesikhathi ngeke amukelwe. uShaka Marine World awuzibophezeli ekwamukeleni noma yiliphi ithenda. Amathenda kumele ahanjiswe e-Avis Kiosk, uShaka Marine World, 1 King Shaka Avenue, eThekwini, engakadluli u-11:00 womhla ka 2006-08-04

ISAZISO SOMPHAKATHI

UKUDAYISWA KWEZIZA ZEMIZI E-RIDGEVIEW GARDENS (PHAMBILINI EYAYAZIWA NGOMKHUMBANE), ECATO MANOR (WARD 29)

UMasipala waseThekwini umele uMnyango wezeZindlu KwaZulu-Natal (KZN DoH) udayisa le ziza ezilandelayo ezaziwa njengoPortion of Erf 79, Cato Manor. Le ziza ziseRidgeview Gardens (phambilini eyayaziwa ngoMkhumbane), eCato Manor.

(Portion of Erf 79, Cato Manor) Incazelo	Ikheli	Ubungako m^2	Inani R
38	9 Hopewell Road	825	33,000
96	46 Bowood Crescent	873	32,000
148	37 Bowood Crescent	1,207	36,995
195	62 Bowood Crescent	816	35,000
281	72 Sunderland Road	1,158	30,000
307	2 Aum Road	1,007	33,000
346	138 Bowood Crescent	750	30,000
353	28 Bowood Crescent	747	32,000

Inqubomgomo yokwaba eRidgeview Gardens (phambilini eyayaziwa ngoMkhumbane), eCato Manor, ihlinzekela ukuba iziza zidayiselwe noma ngubani ohlala ngaphakathi kwemingcele kaMasipala waseThekwini oyofika kuqala, kuye ngale mibandela.
Abafaka izicelo kufanele :
* Babe yizakhamuzi zaseNingizimu-Afrika;
* Babe neminyaka engama-21 noma ngaphezulu;
* Babe abashadile noma abahlalisene, noma babe ngabangashadile bebe benabantu ababondlayo;
* Bangabi nawo umhlaba futhi babe abantu abangakaze babe nawo;
* Babe abantu abangakaze bathole mxhaso wendlu kuhulumeni phambilini (kubalwa nowe-Independent Development Trust)
Ngaphezu kwalokhu okungenhla, iziza ziyodayiswa ngaphansi kwale mibandela elandelayo:
* Abafanelekile kumele kube ngabahola ngaphansi kuka R8 500-00 ngenyanga umndeni usuwonke.
* Bonke abafaka izicelo kufanele bakwazi ukuthola izimali ezidingekile.
Abafisa ukuthenga bayamenywa ukuba bakubhalisele lokho KULE ZINSUKU EZILANDELAYO KUPHELA: NgoMgqibelo mhla ka 22 July 2006; ngeSonto mhla ka 23 July 2006 nangoMsombuluko mhla ka 24 July 2006 phakathi kuka 09h00 no 13h00 KUPHELA ePINETOWN CIVIC CENTRE (Regional Centre), 60 Kings Road, Pinetown (ekhoneni likaCrompton Street noKings Road, ngaphesheya kwakwaMcDonalds). **Kudingeka lokhu okulandelayo:**
* Umazisi; *Isitifiketi somshado; *Ikhophi yencwadi yeholo yakamuva; *Amakhophi ezitifiketi zokuzalwa zabantu abondliwa ngofaka isicelo.
Mayelana nolunye ulwazi, uyacelwa ukuba uxhumane no: Bongs Gumede. Project Manager: Housing Inombolo yocingo: 718-2207

ISAZISO SOMPHAKATHI

ETHEKWINI WATER AND SANITATION ADMINISTRATIVE ENTITY OF THE CITY OF DURBAN

eThekwini Water and Sanitation and the Council for Scientific and Industrial Research will make a public presentation of the CSIR report No. 24
"Sea Disposal of Sewage: Environmental Surveys in the Durban Region" "Surveys made in 2005"
This will be held in the Ground Floor Auditorium of the Regional Office of the CSIR, 359 King George V Avenue, Glenwood at 17h00 on Thursday, 10 August 2006. Any interested parties are invited to attend.

Dr M.O. Sutcliffe
City Manager
City Hall
Durban

ISAZISO SOMPHAKATHI

ISAZISO

Ngokwesigaba 19 somthetho kazwelonke omayelana noHulumeni baseKhaya, uLocal Government: Municipal Systems Act, 2000, umphakathi uyaziswa ukuthi umhlangano woMkhandlu kaMasipala waseThekwini uzoba seMain Auditorium, City Hall, Church Walk, eThekwini ngoMsombuluko, mhla ka 2006-07-28, ngo 09:00.

Dr M O Sutcliffe
IMenenja Yedolobha
City Hall
Ethekwini

ISAZISO SOMPHAKATHI

ISIMEMO SEZICELO: UKUTHUTHUKISWA KOSONKONTILEKA: UHLELO LOKUTHULULWA KWEZINDLU ZANGASESE EZIYIMIGODI

UMasipala waseThekwini, njengengxenye yomgomo wakhe wokuhlinzeka ngosizo lokuthululwa kwezindlu zangasese eziyimigodi, udinga osonkontileka abayishumi abazoziphathela amabhizinisi abo amancane benze lo msebenzi abazongena ohlelweni lwakhe lweminyaka emithathu lokuqeqesha nokuthuthukisa izinkontileka ezisafufusa. Abanentshisekelo ngalo msebenzi kudingeka ukuba bagcwalise amafomu afanele komunye wemihlangano yokuchaza ngalolu hlelo, kanti abayocatshangelwa yilabo kuphela abayobe bekhona kule mihlangano. Imininingwane yale mihlangano imi kanje:
Indawo: Civic Centre, Pinetown: The Terrace
Usuku: uLwesithathu, mhla ka 26 July 2006
Isikhathi: 10:00
Indawo: Scout Hall, Durnford Avenue, ochezuka ku-Old Fort Road
Usuku: uLwesine, mhla ka 27 July 2006
Isikhathi: 10:00
Phakathi kokunye, abafaka izicelo kufanele banelise lezi zidingo:
* Babe ngabaseNingizimu-Afrika;
* Bangabi abantu abaqashwe kwenye indawo;
* Babe abantu abaphase ibanga leshumi futhi
* Babe nezincwadi zokushayela okungenani eziwu-Code B.
Abafaka izicelo kufanele bazimisele ngokuba:
* Babizelwe ukufakwa imibuzo futhi bahlolwe;
* Kucutshungulwe isimo sabo esimayelana nezikweleti;
* Kubhekwe ukuthi abanawo yini amarekhodi amacala.
Ithuba lizonikwa ikakhulu labo ababencishwe amathuba esikhathini esedlule.
Imibuzo: Ms M. Govender, ucingo: 311 8877.

ISAZISO SOMPHAKATHI

ISIMEMO SEZIPHAKAMISO I-CONSULTANT EZOKWENZA I-BUSINESS PLAN YE-YOUTH ENTREPRENEURSHIP CENTRE

Uphiko iBusiness Support Unit kaMasipala lufisa ukuhlinzeka amabhizinisi asendaweni engaphansi kukalo masipala ngosizo olunhlobonhlobo ukuze akwazi ukusebenza ngokufanelekile nokuzokhulisa umnotho wale ndawo. Omunye wemisebenzi yalolu phiko ukukhuthaza intsha ukuba ibambe iqhaza emabhizinisini kanti ngenxa yalesi sizathu lolu phiko selusungule isikhungo esimiselwe ukufeza le njongo. Ngakho-kekumenywa abanentshisekelo ukuba bafake izicelo zokwenza ibusiness plan yalesi sikhungo ngokuxoxisana nabo bonke abafanele ababambe iqhaza.
Iziphakamiso kufanele zibe nale minininingwane:
1. Indlela yokwenza ucwaningo
2. Ukuqonda isimo sezomnotho okusebenza kuso amabhizinisi
3. Isipiliyoni nerekhodi le-consultant kwamanye amaphrojekthi
4. Ipulani yephrojekthi, isikhathi sokuqala nokuphethwa kwayo nebhajethi yayo
5. Imininingwane ye-consultant
Iziphakamiso ezifakwe ezimvilophini zavalwa zabhekiswa kuCity Manager zabhalwa ngaphandle ngokucacile ukuthi "Call for Proposals: Business Plan - Youth Entrepreneurship Centre - Business Support" " kufanele zifakwe ebhokisini lamathenda elise-ground floor, Rennies House, 41 Victoria Embankment noma zifike kwa-PO Box 1014, Durban , 4000 (hhayi komunye umnyango kaMasipala) ngaphambi kuka 11:00 mhla ka 4 August 2006. Imininingwane ephelele itholakala ku-Anneline Chetty: Senior Manager – Strategic Projects phakathi kuka 08:00 no 16:00, kusuka ngoMsombuluko kuya kuLwesihlanu e-8th floor, Shell House.
Izicelo eziyofika emva kwesikhathi ngeke zamukelwe.

ISAZISO SOMPHAKATHI

ETHEKWINI MUNICIPALITY LAUNCH OF LOCAL YOUTH FORUM

Umnyango wezinhlelo zabantu abasha emkhandlwini weTheku kanye ne Khansela bamema lonke ulusha ukuba luphelele ngobuningi emhlanganweni wokumiswa kwekomidi lesigceme elibhekene nokuthuthukiswa kwentsha (Local Youth Forum).
Simema wonke umuntu omusha ukuba aphelele noma ngabe uqhamuka kwinhlangano yezepolitiki, CBO's, NGO's noma umuntu omusha nje wamulekile.
Ward: 68
Usuku: 25 July 2006
Indawo: Merebank Community Hall
Isikhathi: 18H30
Imininingwane eminye mayelana neforum iyotholakala emhlanganweni. Uma ufuna olunye ulwazi ngomhlangano ungathintana ne Khansela lakho kanye no Ntombi Shange noma Senzo Mkhize ku 718 2314 / 083 2970 990